



Izimfene ezaziya le na le


Southern African Folktale
isiZulu



Kwakukhona ilizwe elikude. Abantu bakhona babehlala ezindlini ezincane behlale bejabule. Emva kweminyaka, bazithola bengathokozile ngenxa yezilwane zasendle ezazifika zibesabise.

Lezilwane zazifika zidle izitshalo
zize zithathe nabantwana abancane
zibaleke nabo. Kwakungasesiyo
indawo ephephile neze; kodwa ke
babengayaphi?





Umndeni owodwa wathola isu
lokuyohlala entaben. Kwakulula
ukuthola ukudla khona.

Kwakumila izitshalo phakathi
namatshe.

Ihlenze lamila eceleni kwegquma.
Kwakunonogwaja kanye nezinyoni
ababengazidla.







Eminye imindeniyabona ukuthi
bahlezi kahle laba abahlala
entaben.

"Imnandi impilo laphaya intaben,"
kusho indoda ehlala entaben. "Nani
kumele nizohlala khona."

Ngokushesha neminye iminden
yashiya amakhaya ayo yanyukela
entabeni . Umndeni ngamunye
wathola umgede, abafika bahlala
kuwo bathokomala futhi baphepha.






Ngokushesha izingane zabe
sezikwazi ukugibela amatshe,
nokukha izithelo ezihlahleni.
Basebekwazi ukushibeka ezihlahleni
njengezinkawu.

Kancane kancane izinto zashintsha.
Izingane zangabe zisakhuluma
kodwa zase ziqale ukubhonga .
Abazali babonana amakhala abo
ekhula, bemila noboya. Behamba
ngezandla kanye nezinyawo.





Njalo uma bebukana babebonana
ukuthi amazinyo abo ayakhula.

Bashintsha baba izidalwa ezintsha
ezazingakaze zibonwe, baphenduka
izimfene.





Baphila kahle isikhathi eside
beyizimfene ezikhululekile. Bayeka
ukugijimisa onogwaja nezinyoni.

Bagcina bekhhohliwe nokuthi kuhanjwa kanjani. Bayeka ukukhuluma nokuggoka izingubo ngoba imilenze yabo yayimide futhi inoboya obumnyama.

Kodwa babesakhumbula ukuthi
babengabantu. Babebukana
amakhala amade bahlekane.





Loyo owayehlekwa waye gxuma
gxuma ukudinwa.
Kwahamba isikhashana bangakwazi
ukuhlala ndawonye ngenxa
yokuchwensana.
Umndeni ngamunye wahlukana.

Yingakho nje nanamuhla izimfene zingaphili njengesizwe sezimfene kodwa ngamaqoqana amancane.



Izimfene ezaziya le na le

Writer: Southern African Folktale

Illustration: Benjamin Mitchley

Translated By: Family Literacy Project


Language: isiZulu

© African Storybook Initiative, 2015



This work is licensed under a Creative Commons Attribution
(CC-BY) Version 3.0 Unported Licence

Disclaimer: You are free to download, copy, translate or adapt this story and use the illustrations as long as you attribute or credit the original author/s and illustrator/s.



An excellent version to read aloud to children is the story "The Baboons Who Went This Way and That" in Alexander McCall Smith's book of folktales: The Baboons Who Went This Way and That (Canongate, 2006)

Saide The Saide logo features the word "Saide" in a bold, sans-serif font next to a stylized circular graphic consisting of concentric arcs.
South African Institute
for Distance Education

www.africanstorybook.org

A Saide Initiative